KWAZULU-NATAL PROVINCE
AGRICULTURE AND RURAL DEVELOPMENT
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

**REMARKS BY KWAZULU-NATAL ACTING PREMIER THEMBENI KAMADLOPHA MTHETHWA DURING THE COMMEMORATION OF UMKHOSI WELEMBE IN KWADUKUZA, ON TUESDAY 24 SEPTEMBER 2024**

Wena weNdlovu!

Hlanga Lomhlabathi!

Sithokoze ngokucosha ithuba.

Namuhla, sihlangene ukuzoqhakambisa iqhaza leSilo saKwaBulawayo, uShaka kaSenzangakhona. Lolu suku luyisikhumbuzo sokwebuza kweLembe ngo-1828, futhi kuwubufakazi bombono walo iLembe, ubuholi, nesibindi salo sokubumba isizwe esiyohlala sikukhumbula zikhathi zonke.

Mangiqale ngokuthi unwele olude Hlanga Lomhlabathi njengoba izolo bekuzalwa iNdlulamthi kaZulu. Ukuzalwa kweSilo Samabandla kusele usuku kubuze iLembe kungumyalezo omkhulu oqhamuka emathongweni esizwe samaZulu.

Ongawulaleli lo myalezo ojule kangaka, uzigwaza ngowakhe, Silo Samabandla. NjengoNodumehlezi KaMenzi owazalelwa udumo nokubusa, sinenkolelo enkulu ukuthi lukhulu udumo nokubusa okuhlalele iNdlulamithi. Siyathokoza Ndlulamithi ukuthi uhamba ezinyathelweni zikakhokho wakho iLembe ngokubusa isizwe sakho ngobuhlakani nangesibindi.

Ngaphansi kobuholi beLembe obabugcwele ubuhlakani nesibindi, uMbuso kaZulu wadlondlobala, wanweba imingcele yawo ngokunqoba izimpi kanye nemifelandawonye yobukhosi.

Izinzululwazi kwezempi emhlabeni jikelele zifanisa ubuchule bukaNodumehlezi KaMenzi kwezempi kanye nobuhlakani bamaqhinga akhe noboMkhuzi wempi waseFrance, uNapoleon Bonaparte. Lokhu kwenza isizwe samaZulu sahlonishwa futhi saduma umhlaba wonke.

Namanje isizwe samaZulu sisahlonishwa umhlaba wonke ngenxa yamagalelo eSilo uShaka. Kodwa amagalelo eLembe angaphezulu kombuso wokunqotshwa kwezimpi.

ILembe lalingumholi onombono ohlabahlosile, labona ukubaluleka kobumbano nokubambisana ekuzuzeni okukhulu. Ngokusebenzisa indlela yokubusa ehlanganisa wonke umuntu, wahlanganisa amaqembu ahlukene futhi wakha umuzwa wokuzigqaja, wavuselela nethemba esizweni sonke.

ILembe labumba isizwe esihlonishwayo nesitshwayo ngokuhlanganisa amakhosi ahlukene. Ungafunga ukuthi iLembe lalazi ukuthi ngelinye ilanga esifundazweni salo kuyoba nohulumeni wobumbano, inhlosongqangi yawo – Silo Samabandla – ngukubumbana nokuhloniphana ukuze silethe intuthuko kubantu bonke beSilo.

Nokho bakhona Hlanga Lomhlabathi abaphuma eceleni njengojosaka – abafunga bagomele ukuthi lo hulumeni wobumbano uzoshabalala okwelanga libona amazolo. Njengokuyalela kwakho Silo Samabandlandla – SIYABEZWA KODWA KASIBALALELI.

La magama akho Silo Samabandla asifundisa ukuthula nokubekezela ezikhathini ezinzima. Kanjalo neSilo uShaka sisifundise ukuthula nokubekezela.

KWAZULU-NATAL PROVINCE
AGRICULTURE AND RURAL DEVELOPMENT
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

ILembe lasebenzisa iklwa nehawu ukubumba isizwa – sibonile uMdlokombane esebenzisa imfundo namasiko ukwakha isizwe esiphilile, esiphephile nesithuthukayo.

Siyabonga Ndlulamithi kaZulu ukuthi uhamba ezinyathelweni zikaMdlokombane neSilo uShaka ngokugqugquzela imfundo nokuhloniphana esizweni sakho.

Kuyasithokozisa Silo Samabandla ukuthi ngaphansi kobuholi bakho, imiphumela kaMatric yangonyaka odlule ibe ngemihle kakhulu kuneminyaka edlule – abafundi baMatric baphasa ngo-86%, isifundazwe salala isibili, sadlula iGauteng neWestern Cape. Nakulo nyaka sinethemba elikhulu ukuthi imiphumela kaMatric izoba mihle ngoba siyaqhubeka ngokusebenza ngokubambisana ngoNgqongqoshe abahlukene bahulumeni wesifundazwe wobumbano.

Siyakwethembisa – Hlanga Lomhlabathi – ukuthi sizokwenza okusemandleni ukuletha intuthuko kubantu bakho njengohulumeni wobumbano. Ukubambisana sikukhombisile Hlanga Lomhlabathi ngesikhathi abantu bakho bevalelwe yiqhwa emgwaqweni onguthelawayeka oxhumanisa iTheku neGoli. Siphume ngobuningi singoNgqongqoshe baHulumeni wobumbano sayohlala emakhazeni ukuze abantu bakho bathole usizo.

Njalo uma sihambisa intuthuko kubantu, kithina kuzobe kunkeneneza amazwi eSilo uShaka, amazwi kaMdlokombane namazwi akho Ndlulamithi yamaZulu – okuthi masihambise intuthuko kubantu, singabheki ukuthi baqhamukaphi, bakholwaphi noma bayiliphi iqembu.

NjengoHulumeni wesiFundazwe, sizibophezele ekuhlonipheni amagugu obumbano, ukubandakanya wonke umuntu, okuhambisana nombono weLembe. Isifundazwe sethu sibusiswe ngokwahlukahlukana kwamasiko, izilimi, namasiko, futhi kufanele siqhubeke nokugubha kanye nokuthuthukisa lokhu njengoba sakha ikusasa eliqhakazile lazo zonke izakhamuzi zesifundazwe.

Ukube uNodumehlezi KaMenzi usadla anhlamvana, ngabe akahambisana nokubulawa kwabantu bakho Silo Samabandla, ababulawiswa okwezintuthwane. Sicosha ithuba ukubika Silo Samabandla ukuthi ngoMgqibelo besiseHlokozi ukuyofihla abantu bakho abayisithupha kwabayisikhombisa ababulawa ngesihluku kuleya ndawo.

Sifike salikhuza leli chilo Ngangezwe Lakhe, sanxusa namaphoyisa ukuthi asebenze ngokuzikhandla ukubamba izinswelaboya. Ukube iLembe lisadla anhlamvana, ngabe kalihambisani nokuhlukunyezwa nokucwaswa kwabantu besifazane ezweni likaMthaniya. Ubudlelwano beLembe nonina iNdlovukazi uNandi, kwakukhombisa indlela iLembe elalibahlonipha futhi libathanda ngayo abantu besifazane.

ILembe lalibiza abantu besifazane ngezimbali ezihlobisa neziqhakazisa isizwe. Ukube iLembe lisadla anhlamvana, engabe bayawukhomba onotshwala laba abahlukumeza abesifazane nababulala isizwe sakho, Silo Samabandla.

Siyazi Hlanga Lomhlabathi ukuthi kukuphatha kabuhlungu ukubulawa kwabantu bakho, futhi uhlala ukusho lokho. Yingakho sisebenza ngokuzikhandla ngokubambisana namaphoyisa ukuqinisekisa ukuthi ubugebengu sibuqeda nya esifundazweni sakho.

KWAZULU-NATAL PROVINCE
AGRICULTURE AND RURAL DEVELOPMENT
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

Eminyakeni engu-196 iLembe lakhothama, masihloniphe iqhaza lalo ngokuthi silwe nokuhlukunyezwa nokucwaswa kwabantu besifazane kwelikaMthaniya.

Siyakutusa ukuzidela iLembe elakwenzela abantu balo nezinselelo elazinqoba, futhi sizibophezela kabusha ekusekeleni izimiso zobulungiswa, ukulingana, nenkululeko elayilwela futhi layivikela. Ukugcina umlando weSilo uShaka, sizoqhubeka nokusebenza ngokuzikhandla ukubhekana nezinselelo ezinzima ezibhekene nesifundazwe sethu – kusukela kububha nokungalingani, ukuntuleka kwemisebenzi kanye nokusweleka kobulungiswa emphakathini.

Sizolwela ukwakha amathuba okukhula komnotho nentuthuko, ukukhuthaza imfundo nokuqeqeshwa kwamakhono, kanye nokwakha umphakathi onobulungiswa nolinganayo wawo wonke umuntu. Siyaqhubeka Hlanga Lomhlabathi nokulwa nabaqashi abaqasha abantu bokufika abangenazo izincwadi zokuba lapha ngoba bebalekela ukuqasha abantu bakho Ngangezwe Lakhe.

Ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, sivakashele amafemu KwaSithebe, khona lapha kwiLembe – sabopha umqashi owayeqashe abantu bokufika ebaholela amakinati. Siyafunga siyagomela ukuthi abaqashi ngeke baqhubeke nokuphula umthetho kwelikaMthaniya, esifundazweni sakho Silo Samabandla.

Sengiphetha, ngithanda ukudlulisa ukuthokoza okukhulu ebukhosini bakwaZulu ngokuzinikela kwabo ekugcineni amagugu ethu kanye nokuqhakambisa amagugu eSilo uShaka.

Ngithanda ukubonga imizamo emihle kahulumeni wesifundazwe, omasipala bethu, nezinhlangano zethu zomphakathi ekusebenzeleni ikusasa eliqhakazile lazo zonke izakhamuzi zaKwaZulu-Natal.

Siyakwethembisa Hlanga Lomhlabathi ukuthi igama leLembe kalisoze lashabalala emlandweni womhlaba. Lizoshabalala kanjani uma kusekhona isikhumulo sezindiza esibizwa ngalo iLembe? Lizoshabalala kanjani uma kusenezikhungo ezifana neShaka Marine World?

Lizoshabalala kanjani uma kuneSifunda iLembe, esiqanjwe ngaye uNodumehlezi KaMenzi? Ngeke lishabalale uma kusekhona umdlalo okhonjiswa kumabonakude oqhakambisa ubuqhawe, ubuchule nobuhlakani beLembe.

Ngisho ulwandle luyalihlonipha igama leLembe njengoba sinesilwane esibizwa ngoShaka esibhula amaphiko phakathi olwandle. Sithi malime njalo igama likaNodumehlezi KaMenzi.

Ukukhumbula igama namagalelo eLembe, masakhe isifundazwe esinobulungiswa, esilinganayo nesiphumelelayo kubo bonke abantu.

Wena weNdlovu!

Siyathokoza!